*Every child should own a hundred books by the age of five. To that end, Book Dash gathers creative professionals who volunteer to create new, African storybooks that anyone can freely translate and distribute. To find out more, and to download beautiful, print-ready books, visit bookdash.org.*

*Ukumamatheka kukaSizwe*
*(Sizwe's Smile)*
Illustrated by Genevieve Terblanche
Written by Vianne Venter
Designed by Lauren Rycroft
Translated into isiZulu by Nal'ibali
with the help of the Book Dash participants at Cape Town on 28 June 2014.

ISBN: 978-1-928442-63-9

This work is licensed under a Creative Commons Attribution 4.0 Licence (http://creativecommons.org/licenses/by/4.0/). You are free to share (copy and redistribute the material in any medium or format) and adapt (remix, transform, and build upon the material) this work for any purpose, even commercially. The licensor cannot revoke these freedoms as long as you follow the following license terms:

Attribution: You must give appropriate credit, provide a link to the license, and indicate if changes were made. You may do so in any reasonable manner, but not in any way that suggests the licensor endorses you or your use.
No additional restrictions: You may not apply legal terms or technological measures that legally restrict others from doing anything the license permits.
Notices: You do not have to comply with the license for elements of the material in the public domain or where your use is permitted by an applicable exception or limitation.
No warranties are given. The license may not give you all of the permissions necessary for your intended use. For example, other rights such as publicity, privacy, or moral rights may limit how you use the material.

# Ukumamatheka kukaSizwe

Vianne Venter, Genevieve Terblanche & Lauren Rycroft



sizwes-smile_interior_final.indd 5 2018/08/30 9:36 PM

Lase line izinsuku ezininingi, kanti wonke umuntu wayesenyukubele nje. Wonke umuntu wayedangele ngaphandle kukaSizwe, owayevuka enokumamatheka njalo ekuseni.

“Ha! Sizwe! Lokho kumamatheka kufana nomlingo!” kusho uGogo. “Ngabe ukwenzela mina?” USizwe wazivala umlomo ngesandla. “Kodwa ukumamatheka KWAMI, Gogo,” kuhleba yena.

sizwes-smile_interior_final.indd 6 2018/08/30 9:36 PM

Umama wakhe wahleka. “Sizwe! Ukumamatheka yinto ongaphana ngayo kodwa ingakulahlekeli. Buka nje!”

Wamqukula wamkhombisa isibuko. Kwakunokumamatheka kwakhe, kugqamile kufana nakuqala.

Kwase kuyisikhathi sokuhamba. UMama wabopha ijazi lemvula likaSizwe, baphuma, bahamba emvuleni, beya emtatsheni wezincwadi.

Ezansi nomgwaqo, umngani omkhulu kaSizwe, uZanele, wayemi efasiteleni lakubo, ebuka imvula ngokudangala.

USizwe wezwa ukumamatheka kwakhe kulokhu kuphuma, kulokhu kuphuma. Uthe engazelele, kwathi VUMBU, kwandiza kwawela ingadi kwaya kuZanele.

sizwes-smile_interior_final.indd 10 2018/08/30 9:36 PM

UZanele wabamba ukumamatheka wathula nakho – kwakuyinto eyigugu kakhulu ukuthi angayidedela.

Ngesikhathi uSizwe eqhubeka nohambo oluya emtatsheni wezincwadi, kwakhala insimbi yomnyango yakubo kaZanele. Kwakuyindoda yeposi, ilethe incwadi evela kumzala wakhe amthanda kakhulu.

UZanele wathokoza kakhulu, kangangokuba ukumamatheka kwagxuma kwaphuma, kwaqonda endodeni yeposi.

“Ngiyabonga, Mnumzane Weposi!” kusho uZanele.

Ukumamatheka kukaZanele kwakugqame kakhulu kunakho konke indoda yeposi eyayikubonile esikhathini sonke sasekuseni. Kwayigcina ifudumele ngenkathi ihamba emvuleni.

Yafika endlini enkulu. Ngaphakathi nesango, kwakukhona inja eyayilokhu izungeza, ikhonkotha, ikhonkotha, ikhonkotha. Yayenza into ewubuwula, kangangokuthi indoda yeposi ayikwazanga ukuzibamba, yavele yamamatheka.

Ukumamatheka kwagxuma kwangena esangweni kukhazimula.

Inja yayeka ukukhonkotha. Yamisa amadlebe ayo yase itshikizisa umsila. Yase iphenduka igijima ibuyela endlini ngokumamatheka okukhulu, okufudumele.

Ikhehla elikhokhobayo lavula umnyango.
“Hhayi, cha! Angeke ukwazi ukungena lapha.
Umanzi te!” litshela inja. Kodwa kusenjalo,
kwaqhibuka ukumamatheka ebusweni bekhehla.

sizwes-smile_interior_final.indd 16 2018/08/30 9:36 PM

Ikhehla lama lathi qingqo. “Suka,” kusho lona, “ubani onendaba uma lina? Ake sithi ukuhamba, mfana!” Bahamba, bexhafuza amaxhaphozi amanzi.

Laphaya, endaweni yokuwela abantu abahamba ngezinyawo, kwakumi uNkosikazi Makabela, oyiphoyisa lomgwaqo, owayedangele nje. Wayebukeka egodola, emanzi, futhi elusizi.

Ikhehla lakwazi okumele likwenzile. “Sawubona, Nkosikazi Makabela!” kumemeza lona, lase limamatheka ngokumamatheka okukhulu, okugqamile.

Kodwa uNkosikazi Makabela akazange amamatheke yena.

sizwes-smile_interior_final.indd 18 2018/08/30 9:36 PM

Ukuma emvuleni izinsuku eziningi kungenza ubuso budangale, budangale kakhulu.

Kodwa ukumamatheka kuyinto ewumlingo, kanti manje ukumamatheka kwase kunamandla kakhulu, futhi kugqame kakhulu, kangangokuthi kwakunzima ukukugcina ngaphakathi. Akuzange kusebenze ngaso leso sikhathi, kodwa kancane kancane, kwaqala ukuphuma, kanti ekugcineni …!

Kwaba nokumamatheka okuhle, okukhulu okwakhanyisa ubuso bukaNkosikazi Makabela!

Kwakhala insimbi yesikole, izingane zase zigijima zizowela emgwaqeni. UNkosikazi Makabela waphakamisa uphawu lwakhe, wase emamatheka, wabuye wamamatheka futhi, emamathekela ingane ngayinye.

Izingane zamamathekela omama kanye nobaba bazo, kanye nogogo nomkhulu bazo kanye nabafowabo nodadewabo. Zamamathekela umshayeli webhasi kanye nomama othengisa izithelo nemifino, kanti uMama uMakau, wamamathekela umyeni wakhe, yena owabe esemamathekela imeya …

Ukumamatheka kwagxuma kwagingqika kwase kukhazimula kwaze kwamamatheka, kwagigitheka. Futhi, kwahleka kakhulu WONKE UMUNTU emvuleni.

Emtatsheni wezincwadi, wonke umuntu wayethule ngaphandle komsindo owenziwa yimvula.

“Sekuyisikhathi sokuhamba,” kusho umama kaSizwe, evala incwadi yakhe.

“Hawu, Mama!” kusho uSizwe, owayesephelelwe ukumamatheka.

Kodwa lapho bephumela ngaphandle emgwaqeni ...

KWABONAKALA INTO EMANGAZAYO!

Wonke umuntu wasedolobheni wayelapho!

Bonke abantu!

Futhi BONKE babemamatheka!

Ukumamatheka konke kwagxuma kwase kubheka kuSizwe. Kwamfudumeza, kwase kumkitaza, kwase kukhuphuka, kwaphinde kwakhuphuka futhi, kwakhuphuka, kusuka ezinzwaneni zakhe … kwaze kwayofika PHEZU kwekhanda lakhe. Wayegcwele injabulo kangangokuthi kwaqhibuka ukumamatheka, okuhle futhi okugqamile.

Kanti kwaba khona into eshintshayo. Intambama eguqubele, ebafazi bedub'inyama, nenemvula, yabukeka ingasaguqubele.

Ngabe kungenzeka ukuthi …? YEBO!

Amafu ehlukana, kwakhanya ilanga elifudumele phezu kwabo, ngokumamatheka okukhulu, okugqame ukwedlula konke, nokuhle ukwedlula konke.

